**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1 Leli phepha linesiqephu ESISODWA:

2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI A.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qala umbuzo ekhasini ELISHA.

5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendulela imibuzo, lube sekhasini lalo lodwa (Indaba kuphela edinga uhlaka).

6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80

7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

8. Qaphelisisa isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

9. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

**UMBUZO 1**
Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama 80 kuya kwayi-100.

### 1.1. INCWADI YOBUNGANI

Ngenyanga edlule ububungaza usuku lwakho lokuzalwa, ngeshwa wakhohlwa ukumema oyedwa wabangani bakho. Uzwile ukuthi akeneme ngalesi senzo. Mubhalele incwadi uxolise ngesenzo sakho.

### 1.2. UMLANDO NGOMUFI

Umzala wakho obenguthisha ube ngomunye walabo abaswele imiphefumulo yabo ngenxa yezimvula ezinamandla esifundazweni iKZN. Umndeni ukucele ukuba ubhale umlando ngomufi ozofundwa ngenkonzo yakhe yomngcwabo. Bhala umlando ngomufi.

### 1.3. CV NENCWADI EYISIPHELEKEZELO

Ubone isikhangiso ezinkundleni zokuxhumana u-facebook no-twitter lapho kufuneka abafundi abazosebenza njengo cashier uma kuvalelwa uDisemba. Faka isicelo sakho somsebenzi ngokubhala i-CV kanye nencwadi eyisiphelekezelo.

### 1.4. I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO

Ungunobhala wenhlangano i-RCL esikoleni ofunda kuso. Le nhlangano ihlele umhlangano ozokhuluma ngokwengezwa kwamabhentshi okuhlala abafundi ngenhlabakhefu. Bhala i-ajenda kanye namaminithi omhlangano.